

Poetry Series

LLM Mbatha
- poems -

Publication Date:
2013

Publisher:
Poemhunter.com - The World's Poetry Archive

LLM Mbatha()

****kukhona Ibadlana Eliqgamile Lombala Oluhlaza**

Kukhona ibadlana eliqgamile lom'bala oluhlaza
Lihlezi emathangeni eNtaba yeTafula
Njengoba ime sakuguqa ngamadolo phansi
Kodwa kangiluboni uqobo lwe langa
Mina lapho engihleli khona
Kuphela ngiboba imisebe yalo ehlabayo
Ngilindile ngesineke ebhalikhoni yakwami
Ngibheke le ntokazi yakwaXhosa
Enyathela sengathi indiza emoyeni
Ihlala ngezansi kwawo lomgwaqo
Izothi lapho idlula ingithi kwi ngeso layo
Imamatheke maqede iphakamise isandla
Mhlawumbe nam'hlanje ngiyokwazi ukuyicela uxolo
Ingimele nje kancane bese ingipha igama layo

LLM Mbatha

****mhla Lengubo Igugile**

mhla lengubo igugile
ngiyo ndizela phezulu
ngize ngi zilahlele
ezingalweni zika Jehova
yena uyokhohlwa yisono
salenyama engizifihle kuyo
kodwa uyobukhumbula ubuhle
bomphefumulo angeboleke wona
mhla lengubo igugile
sengi ndizela phezulu

LLM Mbatha

****ngihambile Isikhath' Eside**

Ngihambile isikhath' eside
Ngakushiya sithandwa sami
Ngangingazi kuyoba nzima
Ukuhlala ngentombi ulinde
Namuhla ucela uxolo
Ngoba iphutha selenzekile
Angazi ukuthi kuthiwani
Selichitheke linamasi igula
Angisiyena uyise wayo
Yeka ukuqhosha kwenhliziyo
Ngoba yethembile ikholelwa
Yeka uthando, impumputhe!
Ngikhumbula mhla sehlukana
Izinyembezi emehlweni akho
Zawela esifubeni sami
Ngangingazi ukuthi siyagcinana
Ngangazi ukuthi siyobonana
Namuhla selidume ledlula
Izandla zami ziboshiwe
Nenhliziyo yami iboshiwe

LLM Mbatha

***awu, Angazi Mina Angazi-**

khala zome nhliziyoyami
usuyangala 'thululu' wami

Awu, angazi
Mina angaz' ukuthi ng'yoba yini

ngaphandle kothando lwakho
Uthi uyahamba, usudelile ngakho uyangishiya

Ungishiya nobani?
Nomathemba, ithemba lami

Usukhathele amagama ami nezethembiso
Uthi, owami umhlaba nezulu okomoya

Amaphupho awalabo abaleleyo
Kodwa umhlaba ungowabaphaphemeyo

Amaphupho aphephukisa okwezicucu zamaphepha
Amazwi akho ayantsonstotha, ayahlababa

Impumputhe ibona yedlule obona kahle
Isithulu sisina sedlule ozwa kancono

Iqiniso liyaphosisa kulomhlaba
Khala zome nhliziyoyami-

LLM Mbatha

***incwadi Yothando Yesizulu (A Zulu Love Letter)**

Ngifisa sengathi ungangibhalela incwadi
Incwadi yothando yesiZulu
Esho ngemibalabala na ngamabalabala
Axoxa indaba ejulile yemizwa nemicabango
Idayimane, ngelo thando lweqiniso
Omhlophe, ngowenhliziyi engenasici
Indilinga, ngoba olwethu kalunasiphetho
Oluhlaza-sasibhakabhaka, ngoba wena ucabanga ngami
Unxantathu, ngoba amazulu aphezulu
Kanjalo nomhlaba nolwandle ngaphansi bayazi
Onsundu, ngoba kuyitshe kunothile futhi okwemvelo
Njengomhlabathi ongaphansi kwezinyawo zami
Noma ungawu shiya umbala ophuzi
Kungani kumele ungithande ngenhliziyi enesikhwele! ?

Ngifisa sengathi ungangibhalela incwadi
Engiyoyigaxa emqaleni
Ukuze zonke izimbali zase maqaleni
Ziyohawuka lapho zingibheka
Ngenxa yayo yonke lemibala egqamile
Incwadi yothando yesiZulu
Ngobuhlalu bothingo-lwenkosazana
Ubuhlalu base mazweni aqhelileyo
Minake sengiyoba nentokozo emangalisayo
Lapho ngiphendu-phendula ulimi lwakho
Kancane-kancane, futhi ngesikhulu isineke
Ukuze ugcine usukwazi kahle hle
Ukubingelela abazali bami
Ngendlela eyiyona-yona, ngolimi lwesiZulu

LLM Mbatha

*kungokukathixo

Akusikhona okwethu mngani wami
Umzuzu nomzuzu siweboleka kuThixo
Konke esiyikho kungokwakhe, kusezandleni
Zakhe ukuthi sisayobuye sibonane yini

Sibobane kuphi kanjani singakanani
Injaloke indlela yesikhathi, nanini singavalelisana
Kungakoke okubhadalwa yithi- sibhadalela amanoni-
empilo: obungani-obuqotho nothando-lweqiniso

Ungangitheli ngezimathonsi eziconsayo
Ungangesabeli ngovalo oluheqezayo
Thatha nanka amaphupho ethu bese
Uthola izizathu zokuqhubekela phambili

Ngoba, noma ngabe yini engavela namuhla
Kodwa, kungokukaThixo okuyovelela thina

LLM Mbatha

***kuwunikeza Ugqozi Umphefumulo Wami**

Kuwunikeza ugqozi umphefumulo wami
Ukwazi ukuthi kuyafinyeleleka kukho
Lokho okungaphezu kwamandla onke
Kanti futhi angidingi ukuthi ngibe
Yisikhondlakhondla noma isihlakaniphi
Esizedlula zonke
Konke engikudingayo ukuthi:
Nanoma ngabe yini leyo engiyenzayo-
NGIYENZISISE

LLM Mbatha

*mame (Eka Tana)

Mame ngiyakubonga ngoba wena
Ukhulise insizwa; izinsizwa, nezintombi
Wena uwedwa wawuthwala umboko wesinda
Wawumelela mame ungendlovu
Ngamandla oNgaphezulu
Wawasondelanisa amachophe, ahlangana
Usuku lwabelethana nolunye
Waziqinisa waqinisela
Mame, mukhulu okuqinisayo
Ntombi kaZulu, Sithuli sika Ndaba, Ndabezitha!
Engathi uMdali angakubeka uze udle ezabazukulu-

LLM Mbatha

*ngibe M'Nyama (Black)

Ukube nganginakho ukuthi ngizikhethela
Ngalolosuku olwandulela isiqalo soqobo lwami
Ngangiyomcela kahle uMveli-Nqangi
Ngithi kuye: Mdali ngenze ngibe m'nyama

Ngibe m'nyama ngifane nobusuku
Ngoba ubusuku buhle
Ngibe m'nyama ngifane nefu lemvula
Ngoba owami umjuluko wondla umhlaba

Ngibe m'nyama ngifane nolwandle
Ngoba eyami imicabango ijule kanjalo
Ngibe m'nyama ngifane nenhlabathi
Ngoba owami umoya unotho kangako

Ngibe m'nyama, amehlo ansundu, izinwele zewuli
Ngibe m'nyama, ikhala elikhulu, izindebe eziyugqinsi
Ikhona ngiyogwinya uthingo-lwenkosazana maqede
Ngikhazimule ngenkazimulo yemisebe yenkululeko

LLM Mbatha

*nhliziyo Kalobilobi

kuncane okwehlukanisayo
kuningi okuhlanganisayo
inqondo iqokelela izizathu
inhliziyo isithuli, impumputhe
ezimpambanweni zomgwaqo
ngiyazi ngithatha esokudla
inhliziyo ifuna isinxele
zombili zinokusa nokuhlwa
hamba nhliziyo kalobilobi!
kanti ufuna lo, na lo! ?

LLM Mbatha

*umsinjwana Wohleko Lwakho

Silinde eside isikhathi lesi
Ngicishe ngalibala
Ngalowomuzwa engiwuzwa kuphela
Uma ngibheke emehlweni akho
Lowo msinjwana wohleko lwakho
Leso sigubhu sokulangazelela kwami
Sathi sesitholene futhi
Kwangathi siyaqabukana nqa
Singakawagwinyi awokubuyelana
Kabusha
Singakalunambithi uju lothando
Singakalithathi nelokuqala ijika
Awu! Sawa bhu phansi!
Kwangathi siphephethwa omubi lo umoya
Kodwa uma uthi uyangithanda
Kumele uqondisise
Ngobugexegexe bendlela
Ubuntofontofo besikhashana
Ibuye ibe njalo eyothando
Eya othandweni, Duduzile-

LLM Mbatha

[zulu, Ingoma] Kuyoze Kube Nini...

Kuyoze kube nini unginethisa ngezi mvula
Uyoze ubone nini ukuthi ngi ya ku thanda
Kudala ngibambe ubala olungenawo um'bala
Unyaka neshumi lezinyanga ngikhulumisana nawe
Kanti eyetshe yini eyakho inhliziyo
Vula bo ngingene, lalela ngiya khuluma:
Ngisho nezinyoni kazisayihayi ingoma yothando
Ngoba zizwelana nosizi lwenhliziyo yami
Pho wena wehlulwa yini ukuqondisisa
Ngibabonile bephuma bengena
Ngababona besina bededelana
Amasoka akho
Kodwa angeke bakuthande ngalendlela mina
Engikuthanda ngayo
Thatha nasi isandla sami sihambe sibaleke sindize
Okwezi nyoni silishiye phansi elamagade ahlabayo
Siye kwelamaphupho afezekayo,
kwelothingo-lwenkosazana kanye nelanga eliphumayo.

LLM Mbatha

[zulu, Ingoma] Sengi Zo Bhala...

sengi zo bhala epheshaneni
incwadi encane
ngifake ikheli, isitembu
ngiyithumele kwa-Zulu, e Thekwini
nhliziyo yami!
uthando lwakho
ntaba ezikude
ngafa yi nkumbulo
sengi zo bhala epheshaneni
ngibhalele u malume
ngifuna ubuhlobo obuhle
sengi zo thumela abakhongi
kwa-Zulu, e Thekwini-

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Amagama

Ngifisa sengathi bengingakwazi
Ukwakha ubukhosi
Ubukhosi obunesithunzi kanye nomnotho
Ngama gama nje qha
Amagama antofontofo okuphathaphatha
Amagama aqinile okuqondisa
Amagama enzayo
Hhayi akhulumayo
Kodwa ke sithandwa sami, wena kanye nami siyazi
Ukuthi amagama ewodwa awenelanga
Ngoba ukube ebenele
Imizwa yenhliziyo yakho ibiyozwana-
ibuye ihambisane naleyo yenhliziyo yami

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Asibe Nje Ngemifula, S'Thandwa

I-Tafula angeke liphinde lihlangane ne Fuji
Asibe nje ngemifula, s'thandwa
Imifulakazi, hhayi izintaba
Ohanjeni lwayo loku yo busisa ilizwekazi
Lawo nkulunkulu ngama themba afanelekileyo
Lapho ugwadule luyisibuko se zulu
Imifulakazi igijima ukusukela ezizibenikazi
Kayiziqgizi qakala ngalezo zinto ezifana
Nemincele, imigoqo, noma ubuzwe
Imifulakazi iyagijima
Ukweluleka kwayo
kanye nebanga phakathi kwayo
Akusho lutho, ngoba
Imifulakazi inesiqiniseko
Sokuthi isayobuye ihlangane
Kude le
Emaphethelweni olwandlekazi thizeni

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Bekezela Sibusiso

Bekezela Sibusiso, kuba m'nyama lapho sekuzokusa
Uze ungalilahli elakho ithemba
Beka konke kuM'Dali wakho yena okuqinisayo
Akumise ngazo zombili
Ngisho noma zivunguza izivunguvungu zalomhlaba
Gcina izinyawo emhlabathini, ikhanda emazulwini
Amehlo uwabhekise phambili
Uma zibaba ezimathonsi, khala ushona ukhona
Ungakhohlwa umkhuleko
Nobuhlakani buka yihlo
Nokukhalipha kuka mame
Nenjulalwazi yoBuntu basemandulo
Bekezela Sibusiso, olwa-kusasa luqhakazile

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ealbert-Park

ngangi ngenandaba negama lomuthi
esasi hlezi ngaphansi kwawo epaki
ngingenandaba nom'bala wesibhakabhaka
mhlawumbe sasibomvu
mhlawumbe sasiluhlaza! ?
ngingenandaba nomsindo we nyoni
ihlikiza utshani
noma ukugigitheka kwezingane
ezazedlula ngemuva kwethu
noma imoto yabakwasidlodlo igijima
inyathela izimbali
empeleni, ngangingeke ngibe nandaba
ukube ilanga laliwela esicathulweni sami
ngeSonto, eThekwini
eAlbert-Park: siqabulana-

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Entabeni Isandlwana

Kwacishizibani, kwahlwemini!
Zatheleka ezakwaZulu zingangotshani
Habo! Kwachitheka gula-linamasi!
Kwash' izikhotha
UZulu endlela zimhlophe
UZulu edl' amadoda
UZulu emnyama ngenkani
Engasahleli engasabheki emuva
Ibutho likaShaka!
Iklwa nesibhamu!
Wathinti bhubesi: impi!
Thula mntakwethu ungakhali
Kwaphequka bheshwana
Kwaketuka bhantshana elibomvana
Giya giya webutho likaNdaba
Uyadela wena osulapho
Maye! Umntakabani eSandlwana?

Kwathi angiyi qhubekise lenkondlo
Ngiyiqhubekise njalo-njalo
Noma amade ngingasenawo
Lusekhona ugqozi no fuqufuqu
Kuthi angimusho kuthi angibasho
Ngibabize ngamagama, amaqhawe
Ngingapheli ngingaphumuli ngingaphefumuli
Ngihlola umhlola owehlula abadala
Ubani ongaqeda ezenkosi ezamakhosi
Lingaphuma liyoshona entshonalanga
Nginkondloza, ngihaya ingoma kaZulu
Ziyiqoma kuphi ezakithi na
Uma izinsizwa zisele entabeni
Inyamazana iyolugaxa ucu, mina ngiyafunga
Thula mntakwethu ungakhali
Uyadela yena oselapho
Maye! eNtabeni iSandlwana!

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ibhayisikili Elidala

Bheka! Ukuncika kwalo obondeni!
Licosha izintuli, likhithiza ukuthomba
Phela lena kwaku-y-imilenze yakhe yensimbi
Eya esikoleni, esontweni, noma eya ko qhetha
Ngamhla lishisa noma linetha
Kwathi ngalanga limbe wabuya ewulwandle
Engakhulumisi muntu
Ngaqaphelisa udaka eyembeni lakhe
Kanye notshani embungculu yekhanda lakhe
Emva kwesikhathi ngacaciselwa ngengozi engatheni
Ayeke wahlangabezana nayo
Phela washayisa itshe wavuka phansi
Ngalelo langa, ngabo bonke lobo busuku
Imilenze yensimbi yalala phansi, yalala phandle
Kodwa kwathi ngosuku olwalandela lolo
Kuse mpondo zankomo nge hora lesihlanu
Ngavuswa umsindo wakhe
Ehlikihla insimbi
Eshikisha irabha
Eselungele ukungena indlela
Kodwa manje selincika ngobonda usuku lonke-

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ifuji, Ne Tafula

Umcabango wathumela isintu enyangeni
Iqhelelene kangakanani iFuji, ne Tafula
Uma nginethuba lokuthi ngizikhethela
Ngingakhetha ukuphila isikhashana maqede
Ngishone, kunokuthi ngingaphili kwa nhlobo
Yingakho ngingena kuzisola ngokuthanda isihambi
Ngawe ngisangane ngikugijimise okwenkukhu
Inqunywe ikhanda, angiyenqenanga ingozi
Yeqiniso engangilazi kahle hle
Iqiniso lokuthi isikhathi esasikusondeze kimi
Yiso kanye esasiyokuntshontsha futhi
Sikuntshontshe ngoku phazima kweso
Ukuphupha ngawe emini kungisondeza kuwe
Ngokusondela okwedlula lokho okomzimba
Ukudlondlobala kothando kuyamangalisa
Induku enhle igawulwa ezizweni kusho isiZulu
Sasendulo, kanjalo ngiyakholelwa ekutheni
Wena uyiyo kanye leyo nduku enhle (yasezizweni)
Uthando lunginike amalungelo okuthi ngiphuphe emini
Amalungelo okucabanga lokho okungaphezu kwamandla
Ngibuye ngikholelwe yikho nge sibindi nango gqozi
Ngakhoke tshela mina, ngitshela kahle, ngitshelisise
Iqhelelene kangakanani iFuji, ne Tafula?

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Imbali

ekuseni bewu finqekile
okwesibhakela saMandla
manje sewuvuleke uthe nge
okwenhliziyo yentomb' ithand' isoka
iveze ezijulile izimfihlakalo belu
ithembele emuseni wesandla esifunayo
kodwa sibe singaz' ukuthi sifunelani
ungubuhle
ungumlingo
lapho sengithi nje kawuphili
unyakazile
wanginyakazisa ngokumangala komntwana
ebona kabusha
amacenjan' aphuzi aqhekezile
agcwalisa indawana yami
ngokuqhakaza kanye namakha

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Incwadi Yo Thando

Ngingu mfokazi nje
Wase dolojaneni elincinane
Elisele emuva
Lapho uthando lusewu thando
Futhi, luseyikho konke
Ngithanda ngoku bona
Njengaso sonke isiwula esinga fundisekile
Ngikholelwa kulezozinto
Ezinemibalabala ne zinesimo
Uthando lunje ngo thingo lwenkosazana
Olusontene, futhi olugobile
Noma ngabe yini esengqondweni yakho
Ngizoyamukela ngenje ndoda
Ubo khuluma ungesabi
Lapho sihlangana kusasa
Uma kubuhlungu
Ngizo wa cashisa amehlo ami
Isikhashana
Kodwa uma kungukuthi
Ufuna ukuqhubeka noku ngithanda
Ngiyokuthanda ngeqiniso
Ngiyokuthanda ngokwemvelo
NJALO-NJALO
Okomfulakazi wase mandulo
Wona okhukhulela ulwandle
Ngosawoti kanye nezinyembezi
Zasemazweni aqhelileyo

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Incwadi Yothando Ii

Olwami uthando olwamahhala
Lukhululekile, luyakukhulula
Ukuthi ube yikho lokho
Ofisa ukuba yikho
Noma kune nxenye yami
Engathanda ukuthi ikugige
Ikugigele esihlakaleni sesandla sami
Ibuye ikwemboze
Ngezintende zezandla zami
Okwetshe le rubhi* noma ubuhlalu
Beqophelo eliphezulu
Ukuze ngiku vikele
Ngibambebele kuwe
Ungalahleki nangengozi
Ungalahleki nangenhloso

Ngingakugiga nje kuphela
Ngokuthi
Ngikugigele ekhanda lami
Ngemicabango yokucabanga ngawe
Ngenhliziyo ngikwemboze
Ngemizwa yoku langazelela
Kodwa ngikukhulule
Ukuthi ukhululeke
Ukungephula inhliziyo
Ngabe luyini kanti uthando
Uma lungeyona inkululeko
Yefu lincibilika
Liphenduka ubala olubuhlazana

Lapho ngithi ngiyakuthanda
Nawe uthi uyangithanda
Yilowo kuphela umculo
Olangazelelwa izindlebe zami
Ngiyakuthanda
Ngikukhumbule
Ngiyakwesabela
Ngikukhalele
Ngoba akukho okumele

Kwenzeke
Ukuhlukumeza wena
Angikaze kule mpilo
Ngesabele enye impilo
Ukulahlekelwa yiyo

Noma
Sengibabonile impela
Baze babaningana
Ikakhukazi emaphusheni
Abakudala nabakusha
Akekho onjengawe
Uma kungukuthi
Mhlawumbe ngalanga limbe
Ngenxa yezimanga namanga
Lendlu isayo bhidlika
Ngiyo kwazi enhliziyweni yami
Ukuthi ngenze okusemandleni
Kodwa uthando,
uthando selukwenzile konke

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Inyanga Ka Ntulikazi

Kunge lesingakhi lona ihora lapho ukuhlwa
Kupheza khona ukuphupha ngokukhanya kwasemini
Ize ibuye nini inhliziyo ekuzuleni kwayo
Ukuze ingqondo ishaye umthetho oqondisayo
Luze luxole nini uthando luzixolela lona
Ukuze lubone kahle ukuthi ithemba
Yigolide lezi wula
Njengoba uthingo-lwenkosazane lungumgwaqo wazo
Ukube bekunge khona okwa lezi zithombe ezimi balabala
Esazi thwebulayo
Futhi kungekhona okwale micabango yabanye abantu
Ngabe ngithi, konke kwaku yiphupho nje
Uthando siqabukana, ayikho ke leyonto!
Isoka elingena sici, ayikho ke leyonto!
Kwaku maphakathi no Ntulikazi?
Ziyayidliwa ezika Zibandlela (izimvula)
Zigcwalisa imisele yasendulo ye Tafulakazi*
Imimoya ecothozayo isika idlule ethanjeni
Iyofinyelela em'nkantsheni ngenkamba ecijile
Yamazinga-okushisa
Ngicabanga iqhwa liwa ngaphezu kwe Fuji*
Amahora angu 36 ukusuka onyaweni lweTafula*
Ngizizwa ngifana ne ntaba!
Ngiphuphe ngawe izolo
Udlala imidlalo yezinsuku zobuwula
Leso Sandla esenza izimbali zaqhakaza
Senza ubuso bakho babenyezela kakhudlwana
Mina sangenza, Awu-phela mina!
Iliso lokuhalalisela!
Kubathatha esingakanani isikhathi
Abanye abantu ukuthi bathi:
Mhlawumbe kwakungadalelwe, singadalelwene
Kuthi lapho sebekushilo lokhu bese iyama yini
Inhliziyo ukushaya
Noma ingqondo, ukucabanga ngenyanga ka Ntulikazi

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Iyona Kanye Inkumbulo Yoku Mamatheka Kwakho

iyona kanye inkumbulo yoku mamatheka kwakho
nayo lemicabango yo-kuthi siyobonana futhi
eyenza usuku lwami luvele luphelele
ngisho noma imvula ingishaya kuzwele

uze ungangehlukanisi namaphupho ami
ngitshela ukuthi usayobuya kimi
ithemba lami lise mazwini owashoyo
ngethembise, usayobuya kimi

ungangilindisi inguna phakade nkosazana
ngingaze ngibe umdodovu wekhehla
ngifuna ukuku thokozisa
emhlabeni wethu sobabili

nginga buye ngi thini ngi bhale okunjani
ngiphe ithuba lokuku bonisa
kunelangabi eli phenjwa nguwe, kalicishi
ngisho-noma ingaphephetha imimoya

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Izimbali Ze Nsimu

Ukube zonke izimbali bezingama rozi
Futhi zonke zibomvu
Kungabe ziseyizimbali na?
Zona kanye lezi esithanda ukuzi qgolozela
Uju ungabe lumnandi ngendlela efanayo yini
Ungabe lutholakala zindawo zonke yini
Uthingo-lwenkosazana luyilokhu oluyikhona
Ngenxa yayo yonke lemibala ehambisanayo
Thina kasefani yini nezimbali zeNsimu
Okungenani esweni lasezulwini
Ukube besi ngaba kanjalo okwangempela
Lendawo ibiyoba njenge Edeni (iNsimu)
Omunye nomunye ahlume
Sonke sibe ngabakhona

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Kodwa Ng'yo Lobola Ngani...

Kodwa ng'yo lobola ngani le emazweni
Izinkomo zakithi zahamba no moya nje!
Aku ntombi umntanomuntu, uSuka Sihambe!
Umamatheka ngamhlophe la amehlwana
Anyathele ngonyawo, ipensela, kube sengathi
Uyawuzwela lo mhlabathi...
Aw! Sengiyolithetha ligcwele mina ka baba
Ngoba lo oseydilile, udli cala!
Kodwa Zulu uyangizwa na? !
Kusho mina ucelemba ubugawugawu-
Ogawul' abezizwe wagawul' abasemazweni!
Untombi z'ya mthanda z'yamlanda z'yamlandela!
Um'baban' uyabab' unjengo pelepele-
Omame bayakhala bathi lomfana
Useyinikeni lengane ngoba isencane nje...

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Kunokuthula

Kunokuthula ekungeneni kobu suku
Uhlobo lokuthula okunga dingi lutho
Ngoba kwenelisekile ngokuma nse
Ko mhlaba wonke, olunjena pho uxolo!
Luvala izindlebe zingezwa ngisho nokhuba
Kwesigidi sezimfinyezi, kepha zizwisise
Umcabango no mcabango, umzimba ukuzwe kahle
Ukuwotwawotwa yizandla zomoya omnyama
Ukubekelelana kwezinto zanga phakathi
Kanye nezinto zangaphandle...
Ah! Uthando lungayi fumana enje intokozo! ?
Ma lungekwazi, ma lungakaze, kungani pho
Ngingavele ngihlale ngedwa, ngizigcinele lol' uxolo

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Kuyangithokozisa

kuyangithokozisa
ukukhuluma nawe
ngisho noma
izintaba zingisithele
ngicabanga ukumamatheka kwakho
ngigcine sengihleka ngedwa
lapho ngisalele
sengizophaphama
ngiphupha kanjena
ngikuzwe usho
ungitshela ukuthi
kuyafana nje
nalapho kuwe
enhliziyweni yakho
uku phaphama, uku phupha
uku thandana kwethu...

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Kwa-Nongoma

hamba nkanyezi
hamba nkanyezi uhambe nami
wena oyinhlamvu edubulayo
wena odonsa umsidlana
othi benye-benye ngomlilwana
ububhanyabhanya esibhakabhakeni sangokuhlwa
hamba nezifiso zenzliziyo
uze ungikhonzele ku lawo magquma
lawo mathafa
emaqeleni kwa-Nongoma
hamba nemicabango yeza-y-izolo
yamathole etshakadula
emadlelweni kwa-Ziphethe
emihosheni kwa-Minyamanzi
mhla izintombi ziya ko theza
mhla izinsizwa ziya ko shela
abafana beya ko senga
omame bekhwezela emaxhibeni
hamba nkanyezi uhambe nami
siwelele ngaphesheya
ngale kwezintaba
ngale kwemifula
ngale kwamalanga
ake ungithathe ungibeke
ngomhla kwa kusindwe ngobethole
amagula enamasi
amasimu ehlakuliwe
kusalotsholwa ngezoboya
mhla inyosi ihaya ezenkosi
kwa-Nongoma enhlalankosi

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Lapho Bonke Bethi Ngeke Ngilunge

Lapho bonke bethi ngeke ngilunge
Wena wathi ngiyolunga
Lapho ngangeswele isizathu sokuqhubekela
Phambili
Wena wangidudula ngemuva
Wena wakholelwa kimi
Ukuthi ngiyophakamela phezulu
Emva koku wela phansi
Lapho ngangomele izimpendulo
Wangipha amazwi akhaliphile
Wabekelela kimi
Ithemba, uthando, no mcebo wakho
Ukuze ngi landele wonke amaphupho ami
Kimina wabeka wonke amathemba
Yilokho engingaku qondisisanga
Wa bona ini kimi
Lena mina enginga yi bonanga
Wa qondisisa ukuqhuzuka endleleni
Wa cacisa isizathu samashobolo
Wangipha ithuba lesibili
Ngemuva kwethuba lesibili
Ukuba nawe (empilweni) kuyinhlahla enkulu
Inhlahla edla wonke amashobolo

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Masiqhubeke

Ngisho noma ulwandle lubuye lungazi
Ukuthi kumele lugcine kuphi
Lapho izivunguvungu sezixakile
Kodwa kuse yi ntokozo khona
Ukubukela impilo
Ngoba impilo iyaqhubeka
Ngakho ke masiqhubeke sithandane
Noma ubunzima bungabakhona
Izinsuku zilandelana
Kodwa, awubheke nje
ukuqhakaza kwezinkanyezi
Okwenza um'nyama into yo buhle
Asithandaneni size si ndize
Nje nge zinyoni emoyeni
Ngamhla lishisa, ngamhla linetha
Wena nami sihaya ingoma
Sigida ngenxa yethuba
Loku thandana isigidi-
Masiqhubeke sithandaneni

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Mhlawumbe Ngangikuthanda

Mhlawumbe ngangikuthanda ngoba ngikukhumbule
Mhlawumbe ngangikukhumbule ngoba ngingakwazisisi
Mhlawumbe ngigijima nezihambi kanye nezi vakashi
Ngoba zona zifika maqede zedlule
Kungakaqhakazi ngisho nezimbali, futhi zingakabuni
Ukubamba kungu kubanjwa
Ngithanda lokho okungasobe kwaba ngokwami
Sengike ngayanga yonke inkanyezi egqamile
Sengike ngalala nenyanga ekhanyayo
Sengike ngasina nalo lonke usiba lotshani
Olukhula kuwo wonke amaqele aqhelile
Ngithande ulapho ukhona
Ngaleyondlela ngeke sahlukane
Izinkanyezi zivutha ngaphandle kwesici
Ngoba zona zivutha ziphezulu emazulwini

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ngacela Uku Mamatheka

Ngacela uku mamatheka
Wena wanginika uhleko
Ngacela ubu suku
Wena wanginika inyanga (ekhanyayo)
Ngacela ubungani
Wena wanginika obuqotho
Kodwa
Angikaze ngicabange ukuthi
Uyowuthola lowo khiye
Wokuvula ijele elibandayo lo mzwangedwa
Ijele lenhliziyo engabazayo
Ekhetha inxenye ye sinkwa
Kunoku thatha ithuba
Loku landela okwayo
Ngoba ingenakho ukuqonda
Ukuthi uthando lu thatha konke
Noma lushiye konke
Ngi nga thini
Seku kudala kakhulu yini
Sekwa qhela kakhulu yini
Akukho okuguqukayo
Ngilale, ngavuka
Ngicabanga ngawe
Ungabe sesedlule yini isikhathi
Isikhathi sokuba nesi qiniseko
Isiqiniseko ngemizwa ye nhliziyo
Inhliziyo efuna okwayo

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ngangiyithanda

ngangiyithanda leyontombi eyephula inhliziyo yami
kodwa ezalomhlaba
ziyindida ziyaxaka ziyamangalisa
wangiphoxa sithandwa ngi kuthanda
wadlala ngothando lwami, mntanomuntu!
thula nhliziyo yami!
lala uphumule, kusile kusasa
ngoba uthando lukhona, nendlela ikhona
sengizo vukela
ethembeni lokuphinda ngithande futhi
omunye ngelinye ilanga
ngelinye ikusasa elingaziwa
ngelinye ithemba elingabulali
ithemba lokuphinda ngithande futhi

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ngi Ya Ku Thanda

Angiku thandeli lokho
Ongangezela khona kodwa
Ngikuthandela lokho oyikho kimi
Ngi ya ku thanda
Ngingaceli lutho oluvela kuwe
Ngaphandle kokuthi
Ungithande nawe
Ngi ku thanda
Ngenhliziyo egcwele isikhwele
Uyangi thola na
Ngi ya ku khumbula
Uku kwanga
Ngi ya ku phathaphatha
Ngingakuboni
Ngi ya ku nkonkoshela
Noma zingisithele (izintaba)
Ngelula isandla sami
Phakathi kobusuku
Ngi phuthaza lolo thando
Engiqinisekile ngalo
Ngize ngilu thinte
Emaphusheni
Amaphupho am'nandi
Uma ngi phupha ngawe
Ngi ya mamatheka
Ngilele ngi ya mamatheka
Ezweni lama phupho
Lapho ungibheka maqede
Umamateke
Usho kimi uthi
Ngi ya ku thanda
Uthi, 'akekho ofana nawe, Lungie! '
Uthando
Ngaphandle kwesi zathu
Ubusika ne hlobo
Alukh' olunjengalo
Olwethu luhamba lodwa
Yimi ngedwa owaziyo
Ngokuxhumana kwethu

Ngaphadle kwama gama
Lapho ubheka uthinta unyakaza
Intokazi, nguwe
Umculo, nguwe
Umlingo, nguwe
Nguwe uthando lwami
Ngi lala ngingalele ngijulile ngegqondo
Ngiwotawotana ne pheshana
Nge peni
Ngicabangisisa
Ngifisa sengathi bewukhona lapha
Khona manje
Ulele eduze kwami
Usho izinto kimi
Ngaphandle kokuphimisa amazwi
Yimina kuphela owaziyo kahle
Ngoku xhumana kwethu
Yimi kuphela owaziyo oqondisisayo
Yimi owakho, othanda wena

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ngikufisela Intokozo

Ngingasho kanjani ukuthi
Sekuphelile
Mina kanye lo owathi okwa phakade
Ngingacacisa kanjani
Ukuthi kungaba ncono kakhulu
Uma ngiyephula njengamanje
Inhliziyo yakho
Ngoba uma ngilinda
Ngabe ngichitha isikhi
Ngingazisho kanjani zonke lezi zinto
Ngawo kanye lomlomo
Owa kwanga wakwe thembisa
Lo mlomo owa hlebeza
Phakathi kobusuku wathi
Ngi ya ku thanda
Ngingasho kanjani ukuthi
Ngi ya xolisa
Kodwa izinto sezi jikile
Ilanga alisa phumi empumalanga
Ngoba uthando selu phumule okwa futhi-futhi
Ngiqinesekile awazanga
Ukuthi uwe kuphela oke
Wangi thanda
Wange themba
Wangi kholelwa
Pho ngingasho kanjani ukuthi
Sekuphelile
Ngasizathu sini?
Akuhlangani!
Ngiphuphe ngilele, sengizo vuka
Ngiphuphe ngawe kepha anga kubona
Bewungasekho endaweni yakho
Lo engim'tholile
Bekungewena Duduzile...

Awu! Ngiyawukhumbula lowanyaka
Ngisha amashushu ngawe
Ngiku gijimisa
Nginesiqiniseko sokuthi

Uyikho konke kimi, uyikho kodwa
Ukulahlekelwa yile mizwa
Kushiye umgodi ongeqiwa
Enhliziyweni yami
Imifula iyageleza
Ebusweni bami
Isuka emehlweni iye ezindlebeni
Ishone phansi emqamelweni
Sekuphelile
Angiyihambi imingcwabo
Angizwani noku valelisa
Siyo phinda sibonane yini
Si thandane yini
Namuhla ngehlo lengqondo
Ngiya bheka maqede ngibalise
Nginga ku fisela kanjani uthando olusha
Uma uthando lungabaza lufa lushiya
Ezweni lamaphupho ngibone isihambi
Sangibuza sathi
Ikuphi namuhla intombi yakho
Angazanga ukuthi ngithini
Ngikufisela intokozo
Intokozo yona enga ngabazi
Engafi
Engashiyi
Ngikufisela intokozo, ngikufisela intokozo

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Nginephupho Le Afrika

Nginephupho le Afrika
Ubumbano lwe Afrika
IAfrika ezibusayo, eziphilisayo
IAfrika ethi iphethe ubala, ikhiqize utho
Maqede ihwebelane yodwa
Ibuye ihwebe namazwe omhlaba
IAfrika ekhululekile
Yamadodana nama dodakazi azazisayo
Yabantu abamele impucuzeko, nenqubekela-phambili
Njengokhokho bethu ema ndulo
AmaGibhithe, amaOlmec (nama Moors) ...
Nginephupho le Afrika
Yamadoda empela, aziqhenyayo, aqotho
AMAQHAWWE
IAfrika-
eyafelwa nguPatrice Lumumba
eyasukunyelwa nguNkwame Nkruma
eyabhadalelwa kanzima nguNelson Mandela
IAfrika ka Haile Selasie I
IAfrika yesimame, indlunkulu eholo imibuso
Yamakhosikazi alwela inkululeko no lwazi
AMAQHAWWEKAZI
oCleopatra, oMaqeda, oNzingha, kanye no-oNyamazana
IAfrika engenakho ukuphalala kwegazi
Ngaphandle kwesizathu, engenayo indlala ne zifo
IAfrika engenabo ondlovu-kayiphikiswa
IAfrika ekhululekile
Ethatha indawo yobuholi
Efundisayo ngaphandle kokugqilaza
Ukuze umhlaba ubone kungenzeka
IAfrika
Engenazo izifika-namthwalo
Ngoba bonke abantwana abesisu sinye
IAfrika
Lapho indlovu idla emthini wezindlovu
Igorila itshakadula umathanda ehlathini
Ne bhubesi liya kovingela mhla lifuna
Ngoba uMdali walidalela khona lokho
IAfrika ka Bhambatha,

ka Sobukwe (Robert) , ka Fanon (Frantz) , ka Biko (Bantu) ,
ka X (Malcolm) , ka Garvey (Marcus) , ka Douglas (Frederick)
Ngingababala ngiqcinekuphi! ? -Amaqhawe! !
Nginephupho le Afrika
Kodwa kuleli ngeke ngiphaphame
Ngoba ngiphupha ngime ngazo zombili
Ngibheke ngawo womabili
Izingalo zami zivulekile, zelulekile
Ukuze zamukele labo abasangana ngalendlela
Yoku phupha kanjena nge Afrika

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ngiyakhumbula

uku gijimisana kwami nawe
phela ngangi sangana ngawe
ngazama ukukubonisa
kodwa awuvumanga
ukungipha ithuba
othandweni lwakho
nokho
angililahlanga ithemba
nganqonqoza emunyango
wenhliziyo yakho
ngathi: qo! qo! qo!
kwanhlanga zimuka nomoya
kodwa ke
kwathi ngalanga limbe
ngolwasehlobo usuku
likhipha umkhovu etsheni
ngahlangana ne ntokazi
eyangivulela enhliziyweni yayo
ngaphandle koku nanaza
yamamatheka
kwaba kuhle!
kodwa manje sewu cabanga
ukuthi wenza iphutha
ngakho
ufuna ukunginika
lolu uthando lwakho
Awu! kungani uThando
lungenza ka njena
lungibeka icala
lokuthanda kabili
ukufuna wena! ?
ukube bengiyi Sazi (sase Mpumalanga)
bengizo buza e Nkanyezini
impela kuthanda ukuba nzima
ukulandela inhliziyo
inhliziyo, ehlukene kabili

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Oku Nzima Kunakho Konke

oku nzima kunakho konke uku ngasho lutho
kuwe, kodwa sengiphelelwe ama gama
angiwutholi lowa muzwa waku dala
sewunyamalele okwezinyoni ezi hlabelelayo

ngisenga fona yini ngithi, 'ngikukhumbule'
ngisenga fona yini ngithi, 'ngiyakuthanda'
sisenga gigitheka yini njenga-y-izolo
lapho sewuzothi, "nami ng'yak'thanda"

angeke ngisakwazi ukubambelela
izivunguvungu zasentshonalanga ziza ngamandla
emaphusheni ami ngangiyaye ngi phuphe
ngo thando, kodwa manje sengiya memeza!

angeke ngikwazi ukuphupha e-mini
kumele ngibhekane neqiniso elibabayo
kukhona umfanyana okwenelisayo
i-mini ibabisa okwe qiniso

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Sengisho Okuningi Ngokushesha Yini

Sengisho okuningi kakhulu yini
Sengithande kalula ngokushesha yini
Seluhambile uthando, lungaka zalwa
Ilanga angeke libuye lazi
Ngokuqhakaza kwase busuku
Thatha inhliziyo yakho ubalekisisse
Uze ungawuzwa umsindo we nyoni ihlabelela
Umoya kuphela oshaya ezindlebeni zakho
Uze ungayizwa ingilazi iphahlazeka
Okuyuqobo lwenhliziyo yakho
Ungam'thola kanjani enecala ophuphayo
Kulomhlaba lapho uthando luyi nzondo
Ilangabi lalo libandisa okwebala lenyanga
Impilo yonke osukwini olulodwa
Inhliziyo enothando ayizi qgizi qakala
Ngalezo zinto ezifana nesi khathi noma ibanga
Akuna y-izolo
Akuna kusasa
Uthando lunamuhla, njenga manje
Noma ngabe usondele
Noma ngabe uqhelile
Ngemuva kwezi ntaba
Ngaphesheya kwezi lwandle
Noma khona lapha
Ngaphambi kwami
Ngiku nkonkoshele ezingalweni zami
Uthando lulapha
Lulapha njenga manje
Kungani kumele ngicele uxolo
Mina lo, obonileyo maqede wa thanda
Ngithathe inhliziyo yami ngibalekisisse
Nginga wuzwa umsindo we nyoni ihlabelela
Umoya kuphela oshaya ezindlebeni zami
Ngize ngingayizwa ingilazi iphahlazeka
Okuyuqobo lwenhliziyo yami
Lake laxolisa yini iqhwa
Ngoku ncibilika lapho libona ilanga

[zulu, Inkondlo] Ukube Bewukwazi Uku Zi Bona

Ukube bewukwazi uku zi bona
Ngale ndlela engi ku bona ngayo
Ubuzo qondisisa ukuthi kungani
Ngi sangana kanjena ngawe
Ukube bewukwazi ukubona
Uku sina kwe nhliziyo yami
Lapho ngikubheka, emehlweni
Ubuzo ngi thanda kalula nje
Ngalolu thando nami engiku thanda ngalo
Kodwa ngeke wawa bona amazwe ami
Ngakho ke s'thandwa, thatha amazwi ami
Angiku nkonkoshelanga ngalo ku kuhlwa
Kepha, bese ngike ngakutshela yini?
Ukuthi uba lula kangakanani umzimba wami
Lapho ngi cabanga, ngi khumbula, ngi phupha
Ngiphupha ngawe uhleka- umamatheka
Kumunandi, sisobabili, Nomathemba-

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Umkhuleko

Ngiphe inqondo yokuqonda
injongo yamazulu aphezulu
Ngincindise intando yokuthanda
ngothando lokuthanda umakhelwane
Ngivule amehlo okubona
ngibone ezakho ezimhlophe
Thetha amaqiniso okuqinisa
idolo lesizwe sakhithi
Hlanza okwenhliziyo okomoya
nokomzimba kula-magade ahlabayo
Ngithobise ngokuzithoba kokwazi
ngiwuthuli namanzi no-musa
Ngithele ngentethelelo yokuthethelela
ngikhululeke okwenyoni emoyeni
M'Dali wezizwe namazwe
M'Veli owavela kuqala
M'Bumbi wobuntu besintu
ngikhumbuze ngobuntu bomuntu

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Umkhuleko (Ii)

Ngisahamba kuwo ohlabayo umhlabathi
Ngisawahlafuna wona anhlamvana amabele
Ithemba lami lihleli kuwe M'Veli-Nqangi
Ngoba wena uyiLanga lama langa ami
Uyinyanga ekhanyayo ebusuku bezinsuku zami
Akekho omunye M'Dali, ngiyazi!
Alikho elinye igama, ngaphandle kwelakho
Elakho(igama) engiyo khosela ngiphephele kulo
Wena othi ulapha kanti ulaphaya
Kanti undawo zonke...
Ngoba phela ungaphezu kwakho konke
Uwe owaziyo izinsizi zalomhlaba
Namhla kufika lelo langa lokuwelela
Uwe oyongihola, ungiholele kowakho
Umuzi oncwele, ogcwele uMusa noThando

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Umkhuleko Iii

Thixo Baba u phakeme u lungile
Lungakanani olwakho u thando
Owakho umusa
Ngokudela ozelwe yedwa
Ngenxa yezono zakulomhlaba
Ngenxa yothando lokuthanda isintu
Isintu, ngoba kumele sisindiswe
Esandleni somubi
Uyophelelaphi owami umoya?
Uwe Baba owaziyo!
Liyogcinelaphi elami ithemba?
Uwe Baba owaziyo!
Elami ilanga, ukuphuma nokushona kwalo
Uwe Baba olaziyo...
Ngiyozifihla kuphi mina
Uma ngikhohlwa yiGama lakho
Oh! Ngiyesaba!
Ngiyofinyelela kuphi mina
Uma ngilahla indlela yakho
Oh! Ngiyesaba!
Ngivule amehlo ngikubone
Ngezindlebe ngizwe izwi lakho
Uthando lwakho kuyo inhliziyo
Ngihambe njalo endleleni yakho

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Ungabo Khathazeka Ujule Isikhathi Eside Kakhulu

Ungabo khathazeka ujule isikhathi eside kakhulu
Ubunzima kanye ne zi nhlupheko zadalelwa
Ukwenza uhambo lube nesithunzi
Kuncono uvele uM'dumise, uM'bonge
Phela bekungaba kubi kwedlule lokhu okuyikho
Umuntu ungumphefumulo ophilayo
Akehlukile kuwo uMoya ka Thixo
Futhi uyi ndodana yom'hlabathi
Nje nge zihlahla, kanye ne zilwane zasendle
Isondo liya jika jika
Phezulu emagqumeni namuhla
Phansi emaqeleni kusasa
Kodwa ungu Nkulunkulu emagqumeni
UnguNkulunkulu emaqeleni
UnguMqondisi ehlane
Ngakho uze ungazi khohlwa
Ukuthi wena ungubani, wavela kuphi, wavelalani

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Uthando

Uthando lubopha

Ingqondo kanye nomoya wami ngabhande linye

Lwehlukana umzimba wami, nenhliziyo yami

Angikwazi nokucwayiza

Angikwazi nokuphefumula

Angikwazi ngisho nokucabanga

Ngaphandle kokuthi ngicabange ngokumamatheka

Okufana nokwakho

Kodwa ilanga limamatheka

Emqondweni wami nje kuphela

Uyoze uwashanele nini amafu angaphezu

Kwekhanda lami

Ukuze ubuso bami bubenyezele ngokubenyezela

Kwegolide

Okufudumele, okwempela

Ilanga lishise esikhunjeni sami

Ilanga lakho, isikhumba sakho

LLM Mbatha

[zulu, Inkondlo] Uthando Lubona Okuncanyana

Uthando lubona okuncanyana, okusheshayo
Ukuthinteka kwezindebe zomlomo noma okwamehlo
Lwehlukana um'bala no m'bala ibe ifana
Ngobuchule lu khiphe obomvu ko bomvu
Lubuye lukhiphe uku qhakaza eku khanyeni
Luthola imbali ebusweni bakho
Luzwe amakha ezimbali ezinweleni zakho
Lunakisisa ukunyukunyeka
Kwezifaca zoku mamatheka
Lubona inkanyezi ekucwebezeleni kwezinyo
Uthando luqaphelisisa yonke iminyakazwana
Luthatha leyomizwa engekho emqoka kangako
Maqede luyicashise ebhokisaneni eliyimfihlo
Lokugcina umcebo. Ngiyomukhumbula njalo uYuri.

LLM Mbatha

A Man's Greatness

a man's greatness is always measured
by the nature and the magnitude
of the challenges he had to overcome
to achieve what ever goal set before him

LLM Mbatha

A Poem In Mind

A poem in mind
is like a toothless mouth
when the right words
fall into the correct space
the smile becomes
BEAUTIFUL

LLM Mbatha

An Old Bicycle

Look! How it leans against the wall!
Picking up dust, dropping down rust
It used to be his legs of steel
To school, to church, to his girl's house
Through shine and rain
One day he came home looking sad
I noticed on his shirt was a stain of mud
Some grass on his shaved head
I was later made to understand
about his little accident
He had earlier hit a rock and fell!
That day, that whole night
The steel frame lay flat on the floor
Out the door
But at 5: 00 am the next morning
It was his noise that woke me up
Making shine the steel
And black the rubber
Ready to hit the road again!
Now it leans, all day, against the wall...

LLM Mbatha

At Which Hour Does The Night

At which hour does the night
Stop dreaming about daylight
When does the heart return from
Its foolish wonderings
To let the mind take control
When does love forgive itself
In order to realize that hope is only fools' gold
As the rainbow is their road
Were it not for these bright colored
Pictures we took, or for other peoples' memories
I'd think that, maybe I imagined everything
Love at first sight, no such a thing!
Immaculate beauty, no such a thing!
Was it in mid July?
December rains are falling down
Feeding the ancient streams of the giant Table
Steady winds cut through the bone
Into the marrow with a narrow
Blade of temperature
I picture the snow falling all over the Fuji
36 hours from the foot of the Table
I feel like a mountain, -!
I dreamt of you last night
Playing the games of foolish days
The Hand that made the flowers
Bright, made your face more radiant
And of me—O me! The cheering eye!

LLM Mbatha

Black

If I had a chance to choose
The day before I came to being
I would've asked all mighty JAH
To please, make me black

As black as the night
Because the night is beautiful
As black the sea
Because my thoughts run as deep

As black as the soil
Because my spirit is as rich
As black as the cloud of rain
Because my sweat feeds the earth

Black, brown eyes, woolly hair
Black, big nose, thick lips
That I may swallow the rainbow
And radiate ultra-freedom rays

LLM Mbatha

Can't Sleep

Somebody else would rather watch TV
Not I!
But why
Am I gazing at the night time sky
Like an ancient Egyptian
Wondering if that brilliant star
By the Milky Way
Could be another sun
With nine planets revolving
One of them, an earth
With inhabitants, an us! ?
Stardust and Spirit made,
Do they make war and love
The same as we
And then again I wonder
Just how many sober nights it took
The star gazing Egyptians
To figure out the 365day calender,
Is there more wisdom to be found
From above in a night like this...

LLM Mbatha

'Destiny'

Destiny is not a static position in time or space
It is a dynamic entity, always transforming itself
recreating its form as you get closer to it
such that as soon as it is 'obtained'
it immediately starts pointing away from itself
into the direction new destinies-

LLM Mbatha

Different (Without Her)

Ever since I've known him
I've also known her
I never saw the two apart
Never saw them without a fight
Two lovers, homeless and old
Begging together
From flat to flat
Down Alma Road, Rosebank
Under the subway, sleeping together
But their favorite spot:
The pavement's grey
Beside my flat
Below my window
An Afrikaans woman
And an English man
He could be 60
She could be younger
The way a man
Would love his woman
He loved her so
Any one could tell
No other beggar could speak to her
Without dust rising high!
But these past few days
He looks different
She's not around
He occupies the spot alone
It's too quiet
The days are slow
The nights longer
He sits on the stairs
Staring into thin air
Pensive, pensive, pensive...
As I pass him by
He recalls my face
He says, hello
Without raising his head...

Don't Worry Too Deep For Too Long

Don't worry too deep for too long
Trials and tribulations are there
To make the journey worth taking
Instead you must
Give Him thanks and praise because
It could've been much worse
Man is a living soul
No less than The Breath of YHWH
Equally son of the soil
Just like the trees, and the beasts of the wild
The wheel is forever revolving
Up in the hills today
Down in the valley tomorrow
But He is JAH up in the hills
JAH down in the valley
Guide in the wilderness
So don't you forget
From where you come, and why...

LLM Mbatha

Edit Poem

Remember the first poem I sent you
Well, I have made a few changes
I've swapped some lines around
Deleted a number of words
Introduced new ones
The first line has become
The main title
I've since replaced "strength"
With "madness"
It seemed more appropriate

LLM Mbatha

Esandlwana

Warrior sons of Zulu
of uMnguni, uMalandela, and uPhunga-noMageba
Singing the songs of death
the songs of life
songs for the king
Pressing forward in a jovial dance
of the feet, spear and shield
They were content
to give up their lives for the ancestral dreams
The dream that drove
uMnguni across the rivers of Ethiopia
The dream that brought
uMalandela down into the Gondwana Land
The dream of uShaka Zulu:
one people, one king, one free country
But most of all they did it for the children
and their children's children
Courageous souls
Against all odds
Singing their own songs
indifferent to the thundering sounds
of steel
How can we forget, how best to remember
we for whom they sacrificed
Do we sing the songs they sang
push their philosophy, be courageous?
Do we tell their story over and over again?

LLM Mbatha

Feelings

I'll throw my feelings out the door
I don't need them anymore
I'm heart broken and confused
I told my love but she refused

Loving someone that loves another
Is like climbing a broken ladder
I fell for somebody's somebody
And here I stand with nobody

I'll stroll in the falling rain
To cover the tears on my face
No easy cure to this pain
I need to hide the very trace

What else is there to believe in
Since the 'power of love' is fiction
What on earth deserves to be seen
If true action brings false reaction

LLM Mbatha

Flowers Of A Garden

If all the flowers were roses
All of them red
Would they still be flowers
The ones we love to watch
Would honey be as sweet
And universal too
The rainbow is as such
Because of all the colors that complement
Aren't we like flowers of a Garden
You and me
At least through the Eye of Heaven
If we could really be as such
This place would be like Eden...
Each of us blooming
Everyone belonging...

LLM Mbatha

For How Long

for how long will you allow the rain to fall down
on me
when will you begin to see that I am in love
with you
for too long I have held on to this
colourless nothingness
one year and ten months trying to speak to you
is your heart a heart of stone
open that I may come inside
listen- here I speak:
even the birds have stopped singing the song of love
because they feel pity for my heart's deep suffering
why are you failing to understand! ?
I have seen them coming in and out, taking turns:
your lovers
but none can love you the way I love you
take my hand and let us walk run-away fly
like the birds leaving this world behind
to the world of dreams-come-true
of the rainbow and the rising-sun

LLM Mbatha

From The Beginning

